Usuku: 12 January 2018

ISIMEMO SOKUBHALISA NOKUBAMBA IQHAZA

ISICELO SOKUHLEHLISWA KWESIKHATHI SOMTHETHO WEZINGCOLISA-MOYA ESITESHINI SIKAGESI SIKA-ESKOM ETUTUKA, ESTANDERTON, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA

Muntu Onesithakaselo Nothintekile,

U-Eskom uneziteshi eziphehla ugesi ngamalahle ezithe chithi saka kuyo yonke iNingizimu Afrika. IsiTeshi SaseTutuka, esingesinye sazo, siseduze kwaseStanderton esiFundazweni SaseMpumalanga.

Ngo-2010, kwakhishwa Umthetho Wezingcolisa-Moya (MES) ngaphansi kwe-National Environmental Management: Air Quality Act 39 of 2004 (NEM: AQA). Ngo-2013 ama-MES abukezwa ayesethatha indawo yama-MES Ka- 2010. Ngemva kwalokho kwasebenza ama-MES Ka-2013. Ama-MES adinga ukuba iziteshi zikagesi esezikhona kakade zihambisane nemikhawulo ebonelelayo ebekelwe 'iziteshi esezikhona kakade' kungakadluli umhla ka-1 April 2015 ziphinde zihambisane nemikhawulo 'ethe ukuqina' ebekelwe 'iziteshi ezintsha' kungakadluli umhla ka-1 April 2020. Lokhu kusho ukuthi u-Eskom kungadingeka afakele noma athuthukise imishini yokulawula izingcolisa-moya eziteshini zakhe zikagesi, kuhlanganise nesaseTutuka, ukuze ahlangabezane nezimfuneko zama-MES.

Ngo-2014 u-Eskom wafaka isicelo sokuhlehliswa ngeminyaka engu-5 kwezinkathi ezinqunyelwe ukulandela umthetho ngokuqondene nesiTeshi SaseTutuka. Lokhu kuhlehlisa kwavunyelwa yi-Department of Environmental Affairs kanti kuzophelelwa isikhathi ngo-2019. Ngenxa yosuku olubekiwe lokuphela kwesikhathi nokuthi lesi siteshi asikwazi ukuhambisana nemithetho emisha yeziteshi, u-Eskom udinga ukufaka esinye isicelo sokuhlehliswa kwesikhathi.

U-Eskom uhlose ukufaka isicelo sokunye ukuhlehliswa kwesikhathi se-MES kodwa kube ukuhlehliswa kwesikhathi sokuhambisana nemikhawulo yezingcolisa-moya 'yezimboni ezintsha,' kuhlehle kuye ku-2025.

Lesi sicelo sizoxhaswa yilokhu:

- ukubekwa kwezizathu zesicelo sokuhlehlisa,
- umbiko okuthiwa yi-Atmospheric Impact Assessment (AIR (Ukuhlaziywa Komthelela Emkhathini)) ochaza umthelela iTutuka enawo ezingeni lenhlanzeko yomoya ozungezile; kanye
- nenqubo ephethiwe yokuBamba Iqhaza Komphakathi kanye nombiko wayo

U-Eskom uqoke iNaledzi Environmental Consultants CC ukuba ibe yiqembu elizimele eleluleka ngezemvelo, ukuba lihlele i-AIR, liqhube ucwaningo lobuchwepheshe kanye nenqubo yokubamba iqhaza komphakathi.

Inqubo yokubamba iqhaza komphakathi izoba nezigaba ezimbili zokubonisana. Isigaba sokuqala sizovula ithuba lokubukeza iDokhumenti Enika Ulwazi (Background Information Document (BID)) nokuphawula ngendlela ezosetshenziswa ekuklameni isicelo, kuhlanganise nokwethanyelwa kwemihlangano yomphakathi. Esigabeni sesibili, isicelo ngokwaso kanye ne-AIR kuzokwenziwa

kutholakale emphakathini ukuze kubukezwe kubuye kube nesinye igaba semihlangano yomphakathi kuzo lezo zindawo ebezisetshenziselwe isigaba sokuqala sokubonisana.

Ngalokhu sazisa abaNesithakaselo Nabathintekile (Interested and Affected Parties (I&APs)) ngalokhu kufakwa kwesicelo okuhlongozwayo ngenhloso yokuthola ukuphawula kwabo ngalesi sicelo. Le ncwadi iyisaziso mayelana naloko futhi iqaphelisa ngokulandelayo:

- Isimemo sokubhalisa njengoMuntu Onesithakaselo Nothintekile (I&AP)
- Ukuthi kukhona i-BID okungaphawulwa ngayo
- Isaziso ngoMhlangano Womphakathi

Bhalisa njenge-I&AP

Ngalokhu uyamenywa ukuba ubhalise njenge-I&AP nokuba ubambe iqhaza enqubweni yokufaka isicelo ngokuba ugcwalise iFomu Lokuphawula Nokubhalisa elifakwe kuyi-BID ehambisana nale ncwadi.

IDokhumenti Enika Ulwazi (BID) engabukezwa umphakathi

I-BID ehambisana nale ncwadi ihlinzeka ngemininingwane yesicelo sokuhlehlisa. Yethula ngamafuphi izizathu zika-Eskom zokufaka isicelo sokuhlehlisa ngokuqondene neTutuka futhi imema ama-I&AP ukuba abambe iqhaza futhi abhalise kule nqubo yokufaka izicelo. Kuvulwe inkathi yezinsuku ezingu-30 esukela kumhla ka-15 January – 14 February 2018 yokubukeza i-BID nokuthumela ukuphawula nezinto ezikhathazayo ngalokhu kufakwa kwesicelo sokuhlehlisa.

I-BID kanye neFomu Lokuphawula Nokubhalisa elihambisana nayo, kungaphawulwa kuyo ngesiNgisi, isiBhunu nangesiZulu engosini yeNaledzi ethi www.naledzi.co.za. Ayatholakala futhi amakhophi e-BID ezindaweni zomphakathi ezisethebhuleni elingezansi:

Indawo	Ikheli	Okuxhunywana Naye	Izikhathi
Standerton Public Library	Mbonani Mayisela Street Standerton	Ms Elizabeth Mpanya Tel: 017 712 9687 Email: standertonpubliclibrary@gmail.com	08:30 am – 17:00pm
Thuthukani Public Library	Room no. 3 Thusong Service Centre N-Block New Denmark Building Hostel, Malungisani Drive Thuthukani	Mr Andile Mbatha Tel: 071 593 7996 Email: publiclibrary55@gmail.com;	08:30am - 15:30pm
Morgenzon Public Library	Morgenzon 464 Steyn Street	Ms Zodwa Ndlovu Tel: 017 793 3177 Email: morgenzon.library@gmail.com;	07:00 am – 16:15pm

Uma ufisa ukuphawula nge-BID, ungenza okulandelayo:

- Gcwalisa iFomu Lokuphawula Nokubhalisa elihambisana nale ncwadi ulithumele kumuntu okuxhunywana naye emininingwaneni engezansi;
- Thumela, ngokushaya ucingo, igama lakho, imininingwane yokuxhumana nawe nezizathu othinteka ngazo; futhi/noma
- Uthumele ukuphawula okubhaliwe nge-email noma nge-fax singakadluli isikhathi esishiwo sokubhalisa nokubukeza komphakathi.

Sicela uthumele, igama lakho, imininingwane yokuxhumana nawe nezizathu othinteka ngazo kule ndaba kuMs. Marissa Botha kule minininingwane: Ucingo: 015 296 3988 / 084 226 5584 noma usithumele ukuphawula kwakho nge-email ku-botham@naledzi.co.za noma nge-fax ku-015 296 4021.

Isimemo eMhlanganweni Womphakathi

Umenywa nokuba ube khona **eMihlanganweni Yomphakathi** yale projekthi ngomhla:

- ka-**29 January 2018 eStanderton Town Hall**, 16 Church Street eStanderton kusukela ngo-**5:30pm kuya ku-7:30pm;** nase
- **ka-30 January 2018 eAFM Lefikeng Assembly/Church eThuthukani** kusukela **ngo-5:30pm kuya ku-7:30pm**.

Isikhumbuzo ngendlela ongabamba ngayo iqhaza:

Ongakwenza:

- Ukubhalisa njenge-I&Ap ngomhla ka-14 February 2018 noma ngaphambi kwaloko
- Ukuthumela noma ikuphi ukuphawula/uvo ngale projekthi ngefomu lokuphawula nokubhalisa ngomhla ka-14 February 2018 noma ngaphambi kwaloko;
- Ukwazisa noma ibaphi abanye abathintekayo abangase bathinteke noma abangase babe nesithakaselo kule projekthi ngokubakhuthaza ukuba babhalise; kanye
- Nokwethamela yonke imihlangano yomphakathi ehlelelwe le projekthi

Sicela niphawule ukuthi imininingwane yesigaba sesibili sokubonisana nomphakathi izothunyelwa kwabaNesithakaselo Nabathintekile (I&APs) kamuva.

Sinibonga kusengaphambili ngokubamba kwenu iqhaza.

Ozithobayo,

Marissa Botha
For **Naledzi Environmental Consultants CC**
Physical address: 145 Thabo Mbeki Street, Fauna Park, Polokwane, 0700
Postal address: Suite #320, Postnet Library Gardens, Private Bag X 9307, Polokwane, 0700
Tel: 015 296 3988 Fax: 015 296 4021 Cell: 084 226 5584
Email: botham@naledzi.co.za